Isolezwe 31 March 2017 : Page 16

Basabisa ngokulala emahhovisi omnyango

ZANELE MTHETHWA

AMALUNGU omphakathi aseMzinyathi, eNanda, agasele emahhovisi omnyango wokuhlaliswa kwabantu eMayville, eThekwini, ekuqaleni kwenyanga, asabisa ngokuyolala khona ngoba athi azifezwa izithembiso ezenziwa.

Agasele emahhovisi ngoMashi 3 kodwa athe azolala emahhovisi namuhla futhi ngeke abuye engambonanga uNgqongqoshe, uMnuz Ravi Pillay. Akhala ngokuthi asebekezele kakhulu ethenjiswa ukwakhelwa izindlu zomxhaso.

UNkk Ntombifuthi Sibisi, owaholayo, uthe bafuna incwadi esayinwe ngungqongqoshe, eqinisekisa ukuthi zizokwakhiwa izindlu ezingu-1 500 abazithenjisiwe.

"Sabuya sijabulile ngoba sathenjiswa ukuthi udaba lwethu luzosukunyelwa. Kwahlelwa umhlangano ukuze izikhulu zomnyango zikhulume nomphakathi ngalolu daba. Usuku ebesigcine sivumelene ngalo wuMashi 26 kodwa salindela ubala, kwangafika muntu. Kuze kube manje akekho ositshelayo ukuthi kwenzekeni," kusho uNkk Sibisi.

Isolezwe linazo izincwadi zokuxhumana kukaNkk Sibisi nesikhulu somnyango kuhlelwa umhlangano wangoMashi 26. Isikhulu somnyango sithe sizoxhumana nezinye izinhlaka zikaMasipala weTheku ukuwuqinisekisa umhlangano.

"Umphakathi usuthukuthele kakhulu futhi sesizofika sibaningi kunakuqala. Ngifuna kucace ukuthi angiwufuni umxhaso kodwa ngikhathazeke ngomphakathi olala emnyango," kusho uNkk Sibisi.

ABANTU baseMzinyathi, eNanda, abake baqhinqa emahhovisi oMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu befuna izindlu, bathi bazolala khona namuhla ukuze babonane noNgqongqoshe, uMnuz Ravi Pillay

Isithombe: GEOFF BRINK

Isolezwe lithole ukuthi ubudlelwano bukaNkk Sibisi nekhansela, uMnuz Bonke Chili, abusebuhle njengoba kunguye ohola umphakathi.

UChili uthe akanalwazi ngezinhlelo zokuphindela emahhovisi omnyango.

"Ukube babevele beza kimina kwasekuqaleni mhlawumbe bengizophawula ngalokho. Angiwazi nomhlangano obuzoba ngoMashi 26 kodwa yibona abebenze isiphakamiso emnyangweni. Ngibacelile ngoMgqibelo odlule ukuthi sihlangane kodwa abazange bafike kimina," kusho uChili.

Wenqabile ukusho ukuthi isimemo sangoMgqibelo wayesithumele kubani njengoba ethe uNkk Sibisi akamazi ukuthi unikwe wubani igunya lokuhola umphakathi.

Okhulumela umnyango, uMnuz Mbulelo Baloyi, uthe kwavunyelwana ngokuthi izikhulu zomnyango ziyokhuluma nomphakathi kodwa usuku olwaluhleliwe lwaphazanyiswa wukuvela kwesifo ebukhosini bamaQadi. Uthe kuyabaphazamisa nokuthi umphakathi awufuni ukusebenzisana nekhansela.

"Silinde umbiko ophuma ohlakeni olubhekene nokuhlaliswa kwabantu emkhandlwini waseThekwini mayelana nozindlu zaku-Ward 3 eMaQadini.

Sisazibophezele ekutholeni isixazululo kulolu daba ngaphandle kokuthi size sisatshiswe ngokuthi kuzohlalwa ngodli emahhovisi kahulumeni," kusho uBaloyi.